
UMondli uphathekile, uWethu uyamphelezela.






UMondli wayephethwe yisisu.

UNompilo uzame ukumnikeza amakhathakhatha amaningi, kepha uhudo lwaqhubeka.

UMondli ubuthakathaka, akanawo amandla.





Bayafika emtholampilo.

“Yini inkinga?” kubuza umhlengikazi uCebo.

“Mhlengikazi, nginohudo. Futhi ngikhathele,” kuphendula uMondli.

Umhlengikazi uCebo wamsondeza ngakuye,

“Izindebe zakho zomile futhi zidabukile,” kusho umhlengikazi.





“Ubonakala ungenawo amanzi emzimbeni. Isifo sohudo siqeda amanzi emzimbeni. Namehlo akho ashone phakathi,” kusho umhlengikazi uCebo.

"Ezinye izimpawu ubuhlungu besisu, isicanucanu, ukushisa komzimba nesiyezi," kuchaza umhlengikazi uCebo. "Yiziphi izimpawu onazo?"





“Nginazo zonke. Futhi ngibuthakathaka,” kuphendula UMondli.

“Uma unohudo, uphelelwa ngamanzi namaminerali emzimbeni,” kusho umhlengikazi.

“Udinga ukubuyisela amanzi alahlekile emzimbeni wakho,” kusho umhlengikazi. “Ungahlanganisa ingxube eyandisa amanzi emzimbeni.”





Umhlengikazi uCebo wabakhombisa izithako zokwenza ingxube elula:

1. Bilisa amanzi uwayeke aphole.

2. Thela izinkomishi ezine zamanzi ejekeni.

3. Hlanganisa namathisipuni amabili kashukela nethisipuni eyodwa kasawoti.

Wabe esechaza, “Usawoti ubuyisela usawoti olahlekile emzimbeni. Amanzi abuyisela amanzi. Ushukela usiza umzimba ukwamukela.”






“Izingane kufanele ziphuze ingilazi eyodwa yalengxube, masinyane. Baphuze enye ngemuva kokuzikhulula okumanzi. Bese bephuza ingilazi ngehora elilodwa,” kusho umhlengikazi.

“Abadala kufanele baphuze izingilazi ezimbili zalengxube masinyane.

Baphuze ezinye ezimbili ngemuva kokuzikhulula okumanzi. Bese bephuza ezimbili ngamahora amabili,” kusho umhlengikazi.





Umhlengikazi uCebo waphuzisa uMondli ingilazi yengxube. Wabe esebanikeza ibhodlela lengxube ukuze bahambe nalo ekhaya. Kuzomele bazenzele ingxube uma befika ekhaya.

Uma befika ekhaya, uWethu wenza enye ingxube. UMondli waphuza lengxube njalo ngehora waze waba ngcono. UMongi wasibonga iseluleko somhlengikazi uCebo.



Ulwazi Lwethu

Readers

### Izinga 1-2

- Isomiso
- UNunu noBobo
- Amawele asizayo
- Lingandiza?
- Vala, vula, veza!
- Imbongolo kaGumbi
- Inyoka esibayeni!
- UMbali ukhumbule ubaba
- UMbimbi nesicabucabu
- UNdumi ufuna ukupenda
- UBongi umatasatasa!
- Basepulazini
- Bukela kimina, Phephe
- UShaka umangele!
- UMenzi nokuhlanzeka!
- Umlilo!
- Bahlala bebobabili!
- Umshado wezinkawu
- UShonaphi ulimele
- Asongeni amanzi
- UFumani nembuzi
- Isobho lemifino
- Isihluthu
- Abangani kunoma yisiphi isimo sezulu!
- Ubuchule bukaSidlodlo

### Izinga 3

- Ijazi eliguqukile
- Angiyithandi imifino!
- UNtando ojabulile!
- Uthingo lwenkosazane lukaThando
- Ingubo kaShila
- Uthando lwamawele
- Izicathulo zikaThobile ezintsha
- Basiza umkhulu ukuze alulame
- UNtombi ubamba isigebengu!
- Isifo sezingulube
- Umlimi uNceku nezinkawu
- Ukufunda ngamaxoxo
- Isifiso sikaNhlawulo siyafezeka
- Amanzi! Amanzi!
- Isihlahla eselaphayo
- UMoli neziqhumane
- Amaqanda kaDwiki alahlekile
- Isimangaliso sembewu
- UMabonwa uyasazi isikhathi
- Soweto
- Icebo elihle likaMandla
- Izipho
- Isibhelane sikaKulani
- UFani noSiba
- Umdlali ovelele
- Ibhola elilahlekile
- Indandatho yegolide
- UMondli uphethwe yisisu
- Ukunambitha ukudla kwesiVenda
- Isiko lwamaVenda
- Sivakashela esiqiwini
- UNomazwi uzigcina ephilile!

### Izinga 4-5

- Izinyosi
- Ujaheni Wenzile?
- Ingwenya enonya
- Izinhlobo zezithuthi
- Ukuziphindisela kwezinkunzi
- UThuthuva uqala kabusha
- Intombazana ehlakaniphile
- Izimpahla zinkulu kimi!
- Abafana abahlakaniphile
- Umdobi wezinhlanzi
- Ubusuku obungalaleki
- Isifo somkhuhlane
- UNomadlakadlaka onesibindi!
- Inkinga engadini kagogo
- Isicathulo esihle
- Iphupho likaSiviwe

Ulwazi Lwethu yiphrojekthi yeZenex Foundation exhaswe ngezimali futhi esungulwe ukuthuthukisa uchungechunge lwezincwadi zokufunda zolimi lwase-Afrika, ezisemazingeni kanye nezokungcebeleka, nezinsiza zokusekela othisha. Le phrojekthi iqondiswe ekufundiseni nasekusekeleni abafundi abaseSigabeni Sabokhewane ukuze bathuthukise ukufunda nokuqonda kwabo ulimi lwasekhaya. Izincwadi zokufunda zisungulwe ngezilimi eziyisishiyagalolunye zase-Afrika ngokubambisana neMolteno Institute for Language and Literacies, Nelson Mandela Institute for Education and Rural Development, Room to Read South Africa, kanye neSaide. Zonke izinsiza zenziwa njenge "Open Education Resources" (OER).

Please visit our website to download the full copy of this reader:
***ulwazilwethu.org.za***

Creative Commons Attribution-NonCommercial-NoDerivatives (CC BY-NC-ND) 4.0 International Licence

Disclaimer: You are free to download and share this work as long as you attribute Zenex Foundation, but you may not change this work in any way or use it commercially.

Ulwazi Lwethu

ISBN: 978-1-77981-685-6